



## Isihlalo sabakhubazekile


| Ithemu 3 | ikhasi |
|---|---|
| 33 Izindawo zomphakathi wakithi | 2 |
| 34 Ukunakekelwa kwezinto zomphakathi | 4 |
| 35 Kulungile noma cha | 6 |
| 36 Abantu emphakathini wakithi | 8 |
| 37 Izilwane ezingabangani bethu | 10 |
| 38 Sinakekela izilwane ezingabangani | 12 |
| 39 Ukuphatha abanye ngenhlonipho nezibopho (1) | 14 |
| 40 Ukuphatha abanye ngenhlonipho nezibopho (2) | 16 |
| 41 Kungani sizidinga izitshalo? | 18 |
| 42 Izitshalo zibukeka kanjani? | 20 |
| 43 Imbewu nalapho ivela khona | 22 |
| 44 Okudingwa yizitshalo ukuze zikhule | 24 |
| 45 Ukudla esikudlayo | 26 |
| 46 Kuvelaphi ukudla okwahlukahlukene | 28 |
| 47 Ukudla okunempilo nokungenayo | 30 |
| 48 Ukukhweza (ukugcina) ukudla | 32 |

| Ithemu 4 | ikhasi |
|---|---|
| 49 Izinhlobo zamakhaya (1) | 34 |
| 50 Izinhlobo zamakhaya (2) | 36 |
| 51 Izinto okwakhiwa ngazo amakhaya ahlukahlukene? | 38 |
| 52 Amakhaya nesimo sezulu | 40 |
| 53 Sizithola kanjani izindawo nezinto? (1) | 42 |
| 54 Sizithola kanjani izindawo nezinto? (2) | 44 |
| 55 Ukuthola indlela | 46 |
| 56 Ukuthola izehlakalo endabeni | 48 |
| 57 Indlela esisebenzisa ngayo amanzi emakhaya nasesikoleni | 50 |
| 58 Indlela amanzi amosheka ngayo | 52 |
| 59 Amanzi okuphuzwa aphephile nangaphephile | 54 |
| 60 Ukugcina amanzi ehlanzekile | 56 |
| 61 Ukushintsha kwemini iba wubusuku | 58 |
| 62 Indlela isibhakabhaka esibukeka ngayo ebusuku | 60 |
| 63 Inyanga nenyanga | 62 |
| 64 Izinkanyezi | 63 |











UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
eyiSesekelo,



UMnu Enver Surty,
iSekela loMnyango
weMfundo eyiSesekelo.

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo eyiSesekelo, uMnu Enver Surty.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo eyiSesekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*


Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa



© Department of Basic Education



Seventh edition 2017

ISBN 978-1-4315-0244-8



**This book may not be sold.**

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

33

# Izindawo zomphakathi wakithi

## Masifunde

Cabanga ngabo bonke abantu obabonayo futhi okhuluma nabo zonke izinsuku – laba bantu bangumphakathi wakho. Kungaba abantu abasemgwaqweni noma abantu abangomakhelwane bakho. Kungaba abantu basesontweni lakho noma ofunda nabo, amaphoyisa alapho uhlala khona, odokotela kanye nabanye abaningi.




## Masikhulume

Xoxa nomngani wakho ngesithombe esikulamakhasi amabili.

Yiziphi izindawo ozaziyo kulezi zindawo ezisesithombeni?

Abantu bahlanganela kuphi kulezi zindawo ezisesithombeni?

Usuku: ..............................

Masenzeni lokhu

Yiziphi izindawo oke wazivakashela kulezi zindawo ezisesithombeni? Dweba ngekhrayoni uzungeze imingcele yazo.




Masikhulume

Xoxela umngani wakho ukuthi wawunobani ngenkathi uvakashela lezi zindawo usho ukuthi ngabe wawuwedwa yini. Shono ukuthi kungani wazivakashela.

Ingabe ucabanga ukuthi izindawo ozivakashele abantu abakhubazekile bayakwazi ukufinyelela kuzo?

Teacher:

Sign:

Date:

# 34 Ukunakekelwa kwezinto zomphakathi

Masikhulume

Izindawo ezisemiphakathini yethu zinezinsiza ezingasetshenziswa yibo bonke abantu. Imitholampilo, izikole, izinkundla zezemidlalo kanye nezibhedlela yizindawo esizisebenzisayo.

Kumele sizinakekele kakhulu lezi zindawo zemiphakathi yakithi.

Sidinga ukugcina izindawo zethu zihlanzekile ukuze kuthokoze wonke umuntu ngazo.




Masikhulume Xoxa nomngani wakho ngalesi sithombe.

- Ngokwakho abantu bayathanda yini ukuhlala kule ndawo?
- Ukucatshangiswa yini lokho?
- Yini engenziwa ukuze umphakathi wakini nendawo yangakini kube ngcono?




## Masenzeni lokhu

Usuku: ..............................

Dweba isithombe sakho esimibalabala esiveza wena usebenzisa izinto zokuthutha umphakathi njengesitimela, ibhasi noma itekisi. Veza ukuhlukahlukana kwabantu ngobukhulu – abanye bahlezi phansi, abanye bagobile, basemgqeni noma balele phansi, abanye babheke emuva, abanye bakhulu abanye bancane.








## Masiqhubeke

### Ukuzifudumeza

- Ungazifudumeza ngokuhamba uye phambili ngamazonzwane.
- Hamba uhlehle unyathela ngezithende.
- Hamba uye phambili ngamazonzwane.
- Hamba uhlehle ngamazonzwane.



### Yakha izinhlamvu

Sebenzisani imizimba yenu ukwakha izinhlamvu. Yima uncike ngodonga noma ulale phansi. Thola ukuthi wena nomngani wakho niyakwazi yini ukwakha uhlamvu abangakakwazi abanye ukulwakha.






# 35 Kulungile noma cha

Masikhulume Buka lezi zithombe.

Yizinto zokwenzani zonke lezi? Chazela umngani wakho ukuthi iyiphi indlela efanele yokusebenzisa lokhu ngakunye.













Usuku: ..............................

## Masenzeni lokhu




Yenza umfanekiso wesakhiwo ongasakha ngokusebenzisa izinto ezakhiwe kabusha. Ungakha umtholampilo, umtapo wezincwadi noma isakhiwo nje somphakathi wangakini. Hlobisa isakhiwo sakho ngendlela ezokhombisa ukuthi luhlobo luni lwesakhiwo lolu olwakhile. Ningasebenza ngamaqembu.

## Masiqhubeke

- Hlela amathayi ame enze umugqa.
- Gaqa ngamadolo uphume phansi kwawo wonke.
- Wabeke phansi enhlabathini uwalalise.
- Yima ngezinyawo zombili phezulu kwethayi.
- Yima ngomlenze owodwa-ke phezu kwethayi ungawi.
- Sebenzisa amathayi wenze eminye imidlalo ngawo.

**Qaphela ungalimali.**



Teacher:
Sign:
Date:

36

# Abantu emphakathini wakithi

**Masibhale** Buka lezi zithombe. Emabhokisini angakwesokudla, khetha igama elifanele isithombe ngasinye. Libhale phansi ngezansi kwesithombe ngasinye.














- Umuntu osiza ukuthela uphethiloli
- Umthengisi wezimbali
- Umhlengikazi
- Umshayeli wethekisi
- Iphoyisa lomgwaqo
- Udokotela
- Umthengisi wezithelo
- Umcishimlilo
- Iphoyisa

**Masikhulume** Buka lezi zithombe uzinike amagama bese uxoxa nomngani ngazo.

Ngabe ngobani abenza imisebenzi emphakathini wakini?

Ngubani osebenza okunye emphakathini ngaphandle kwalaba?

Bayasizana yini abantu emphakathini wangakini? Basizana ngokwenzani?

Usuku: ......................



**Masibhale**

Dweba umugqa usuke ekuqaleni komusho ngamunye ngakwesokunxele uwuqondanise namagama avela ngakwesokudla.

| | |
|---|---|
| Umcishimlilo | libamba izigebengu. |
| Iphoyisa lomthetho | uthengisa izithelo. |
| Udokotela | uthela uphethiloli. |
| Umthengisi wezithelo | ucisha umlilo. |
| Osiza ukuthela uphethiloli | uyaselapha. |

**Masibhale**


Buka lezi zithombe. Emagameni angezansi khetha igama elifanele isithombe ngasinye. Bhala incazelo ngezansi kwegama elifanele. Qhathanisa izimpendulo zakho nezomngani wakho.

| Isicishamlilo | Igalaji likaphethiloli | Isibhedlela | Isiteshi samaphoyisa |
|---|---|---|---|









**Masiqhubeke**

Shaya izandla uhambisane nesigqi osizwayo.

- Lalela uzwe uma isigqi sesiguquka.
- Kwenze lokhu ulandele izinhlobo ezingafani zomculo, usuke emculweni wamakhwaya uye kowomdanso.
- Shaya izandla masinyane noma ngokunensa uma kudingeka, kodwa ukhumbule ukulandela isigqi.

Okumele ukwenziwa nguthisha:
Lalela umculo nesigqi okudlalwa nguthisha.





# 37 Izilwane ezingabangani bethu

## Masifunde

Abanye bethu banezilwane ezingabangani. Lesi silwane usinakekela ngaphezu kwezinye usihlalise eduze kwakho njalo – kwesinye isikhathi size sihlale endlini noma endaweni oyakhele sona.

## Masikhulume

Buka lesi sithombe. Xoxa nomngani wakho ngaso. Kokelezela zonke izilwane eziyaye zibe ngabangani babantu ngekhrayoni. Zingaki izilwane ozibonayo? Tshela uthisha wakho ngazo.

- Unaso isilwane esingumngani wakho? Uma unaso, xoxela umngani wakho ngaso.
- Uma ungenaso, tshela umngani wakho ukuthi yisiphi isilwane ongathanda ukuthi sibe ngumngani wakho.



## Masibhale

Sebenzisanani nonke eklasini nibhale phansi uhla lwezilwane ezingaba ngabangani babantu ezingaveli esithombeni. Zikopisheni lapha ngenkathi uthisha ezibhala ebhodini.

Usuku: ................................

## Masenzeni lokhu

Dweba noma yisiphi isilwane esingumngani.

Sebenzisa ubumba ukwenza lesi silwane.

## Masiqhubeke

Zijwayeze ukuphonsa uphinde unqake ibhola.


- Jikijela phezulu ibhola lethenisi ngazo zombili izandla. Phinda ulibambe ngazo zombili izandla uma libuya.
- Lijikijele phezulu manje ngesandla esisodwa ulibambe ngesandla olijikijele ngaso.
- Jikijela ibhola lethenisi ngesinye owejwayele ukusisebenzisa liye emoyeni ulibambe ngesandla olijikijele ngaso.

- Bhampisa ibhola lethenisi enhlabathini ngazo zombili izandla uphinde ulibambe ngazo zombili futhi.
- Libhampise ngesinye isandla uphinde ulibambe ngaso.
- Libhampise ngesandla esisodwa uphinde ulibambe ngaso.

- Yimani isiyingi wena bese udlulisa ibhola lethenisi ngezandla zombili lisuke kuwe liye koseduze kwakho.
- Lidlulise lisuke kuwe liye komunye umuntu ngesandla esisodwa.
- Sebenzisa esinye isandla ukudlulisa ibhola liye kumuntu okulandelayo okolunye uhlangothi.

### Uthi bewazi?

Cishe zonke izinja ziyathanda ukudlala ngebhola. Kodwa zidinga umuntu ogijimayo ngoba ziyathanda ukubaleka nalo ziliphethe ngomlomo.





Teacher:

Sign:

Date:

# 38 Sinakekela izilwane ezingabangani

**Masikhulume** Kubalulekile ukunakekela izilwane ezingabangani bethu.

Xoxa nomngani wakho mayelana nezidingo zesilwane esingumngani wakho. Ake uthathe sengathi nguwe lesi silwane esidwetshwe ekhasini le-11. Yisho izinto ocabanga ukuthi ungazidinga. Yisho ukudla ongakuthanda kanye nokuthi ungathanda ukulala kuphi. Tshela umngani wakho ngakho konke lokho. Xoxa futhi ngokuthi kumele umngani enzeni uma isilwane esingumngani wakhe sigula.

**Masibhale** Thikha (✔) eduze kwazo zonke izinto ezidingwa yisilwane esingumngani wabantu.

| | | | |
|---|---|---|---|
| Ukudla | ☐ | Amanzi | ☐ |
| Umuthi wokuxubha | ☐ | Indawo yokulala efudumele eyomileyo | ☐ |
| Udokotela wezilwane | ☐ | Iholide | ☐ |

**Masenzeni lokhu** Dweba zonke izindawo zokuhlala ezidingwa yizilwane ezingabangani babantu. Bese ubhala igama esilisebenzisa uma sibhekise ebantwaneni baleso silwane.

| Isilwane | Indawo yokuhlala | Igama lomntwana wesilwane |
|---|---|---|
|  | | ____________ |
|  | | ____________ |
|  | | ____________ |

Usuku: ..................................



Masenzeni lokhu

Funda umusho ngamunye bese ucabanga ukuthi ungaphatheka kanjani nokuthi ufuna ukuthini uphinde wenzeni emva kwalokho. Manje khombisa iklasi lakho. Uthisha uzokutshela ukuthi yenza kuphi.



- Uma uthola isilwane esisha esizoba ngumngani wakho.
- Uma kulahleke ikati.
- Uma inja yakho ilume ithoyisi lakho olithandayo.
- Uma umngani wakho egcona inja yakho.
- Uma ubona inja ivalelwe emotweni evalwe yonke iminyango namafasitela.



Masiqhubeke

Lalela isigqi esinhlobonhlobo esidlalwa nguthisha wakho. Yenza sengathi uyisilwane esidansela leso sigqi somculo.

Uma umculo ushesha, gijima njengehhashi.






Uma umculo usholo phansi, ndiza njengovemvane.

Uma umculo uphakeme, hamba njengendlovu.







Uma umculo uhamba kancane, hamba njengofudu.



Masikhulume

Funda okubhalwe ngaphansi kwemifanekiso emibili yokuqala.Emva kwalokho tshela umngani wakho okuthile okuphawulekayo ngamakati.

| | | |
|---|---|---|
|  |  | <br> |
| Unogwaja uwuhlobo lwegundane. Amazinyo egundane awayeki ukukhula. | Unyaka owodwa wobudala bomuntu ulingana neminyaka eyisikhombisa yobudala benja. Uma inja ineminyaka emi-3, kumele sithi ineminyaka engama-21. | Uma ikati lijabule lithi nyawu. |



Dlala

"Ikati negundane". Uthisha wakho uzosho ukuthi ngubani okumele abe yikati, ngubani okumele abe yigundane. Shintshanani kube ngabanye ababa yilezi zilwane emva kwesikhashana. Abanye mabame isiyingi babambane ngezandla.



# Ukuphatha abanye ngenhlonipho izinqumo (1)




La mazwi akhombisa ukuziphatha ngenhlonipho. Indlela esiziphatha ngayo yile esiyikhombisa uma sikhuluma nabanye abantu. Yiyo ekhombisa ukuthi sibahlonipha kangakanani abanye abantu.

Kumnandi ukukhuluma nomuntu onenhlonipho. Kumnandi futhi ukuba ngumngani womuntu onenhlonipho.

Yisibopho sethu ukuhlonipha nokuphatha abanye abantu kahle. Yikho sonke ngamunye ngamunye kumele siziphathe ngenhlonipho.


Usuku: ................................

Masikhulume

Buka izithombe. Manje funda amagama asemabhokisini. Xoxa nomngani wakho ngalezi zithombe. Khuluma ngemikhuba ekhonjiswa ngabantwana enenhlonipho nengenanhlonipho.



Hlanganyela nabanye abantu ezintweni.










Khombisa umusa kubo bonke.



Linda kufike isikhathi sakho.



Lalela bonke abantu uma bekhuluma nawe.




Yethembeka sonke isikhathi.




Hlonipha abanye abantu.

Bingelela abantu obaziyo nalabo ongabazi.

Hlonipha izinto zabanye abantu.

Teacher:
Sign:
Date:

40

# Ukuphatha abanye ngenhlonipho nezinqumo (2)

Masibhale

Buka lezi zithombe bese ufunda imisho esemabhokisini. Dweba umugqa usuke entweni eyisibopho ehambisana nesithombe.













| |
|---|
| Mina ngelekelela ekhaya ukuhlanza indlu. |
| Ngingumngani omuhle osiza bonke abantu. |
| Ngiyawukhombisa umndeni wami ukuthi ngiyawuthanda. |
| Ngidlala kahle ngamathoyisi abangani bami. |
| Ngiyazinakekela mina kanye nezinto zami. |
| Ngisiza ukwendlala itafula. |

Usuku: ..................................

## Masidlaleni

Dlalani umdlalo okhombisa ukuphatha abanye ngenhlonipho nokwazisa izibopho ngokuthi:

- nibingelele abantu enibaziyo neningabazi
- noma nilinde ukunikwa ithuba nani
- noma nilalele kahle uma umuntu ekhuluma nani
- noma wena wabelane nabanye abantu
- noma wena ube nomusa kwabanye abantu
- noma wethembeke ngakho konke
- noma ukhombise ukuhlonipha izinto zabanye abantu
- noma uhloniphe abanye abantu.

Dlalani ngamaqembu umdlalo wokuzihlonipha nokuziibophezela kulokhu okulandelayo:

- emndenini
- noma emsebenzini wesikole
- noma emisebenzini yasekhaya
- noma ngokudla okunikwa zonke izinsuku
- noma izingubo oziggokayo
- noma amathoyisi akho
- noma abangani bakho





## Masenzeni lokhu

Dweba isithombe sakho ubonakala ukhombisa ubungani kwabanye abantu.



## Masiqhubeke

Lalelisisa uma uthisha ekutshela ukuthi gxuma, gijima noma gaqa. Uthisha uzoshaya impempe ngaphambi kokukhipha umyalelo ngamunye. Nyakaza masinya noma kancane njengokusho kukathisha.



## Masidlaleni

Dlala u-abha-sikotshi ngomlenze ongavamile ukwenza izinto ngawo.

Yiziphi izindlela zokuzihlonipha ezibalulekile uma udlala u-abha-sikotshi?




# Kungani sizidinga izitshalo?




Buka izinto eziseduze kwakho. Yizini ozibonayo ezivela ezitshalweni? Xoxa nomngani wakho uthole ukuthi nicabanga ezingaki. Tshela uthisha wakho ukuthi yiziphi ezinye izitshalo enizicabangile.





Ezinye izitshalo zisinika ijusi nokudla.

Ezinye izitshalo nezihlahla zisinika umthunzi.

Ezinye izitshalo nezihlahla zinika izilwane umthunzi.











Ezinye izitshalo zisinika izimbali esihlobisa ngazo emakhaya.

Usuku: ..............................



Siyabudinga utshani ezinkundleni zemidlalo.



Sisebenzisa ukotini ukwenza izingubo.



Sisebenzisa umhlanga ukwenza obhasikidi nokufulela uphahla.



Sisebenzisa ukhuni oluvela emithini ukwenza ifenisha.



Masikhulume

Wena nomngani wakho khethani izindlela ezintathu ezibaluleke kunazo zonke esisebenzisa ngazo izitshalo.

Kungenzeka yini sizishabalalise izitshalo uma sizisebenzisa kakhulu? Xoxani eklasini ngalokhu.



Teacher:

Sign:

Date:


42


# Izitshalo zibukeka kanjani?


Masibhale

Izitshalo zakheke zaba nezingxenye ezahlukene. Sebenzisa amagama asemabhokisini ukukusiza ukuthi ulebule izitshalo. Qhathanisa okushiwo nguwe nokushiwo ngumngani wakho.

| | | |
|---|---|---|
| izimpande | isiqu | ikhasi |
| imbali | umdumba | uthi |







Usuku: ..............................



**Masiqhubeke**

Hlukanisa iklasi libe ngamabhungezi asengadini kanye nabasebenzi basengadini.



- Abasebenzi basengadini mabazame ukubamba amabhungezi ahlupha engadini.
- Shintshanani emva kwemizuzu emi-2.
- Phindaphindani nidlale lo mdlalo izikhashana ezimbalwa.



**Masidlaleni**

Dlalani umacashelana.

Amabhungezi acashe ngaphansi noma ngemva kwezitshalo bese kuthi abasebenzi bazame ukuwathola ngaphambi kokuthi adle zonke izitshalo.



**Masikhulume**

Izitshalo ezahlukahlukene azibukeki ngokufana. Kodwa zinokufana ngezindlela eziningi. Buka lezi zithombe. Xoxa nomngani wakho ngezitshalo. Yini efanayo, yini engafaniyo?





**Masenzeni lokhu**

Dweba noma upende isinambuzane noma isilwane esifuna ukudla ubhontshisi. Akudingeki ukuthi kube yisinambuzane noma isilwane sangempela. Cabanga noma yisiphi isilwane. Dweba noma usidwebe ngemigqa ecacile naso ukuze usicacise impela.



# Imbewu nalapho ivela khona

## Masifunde

Ezinye izitshalo zinembewu ecashe ezimbalini noma ezithelweni. Siyakwazi ukuyitshala enye yale mbewu ukuthola izitshalo ezintsha.

Imbewu kumele iwe ezitshalweni ukuze imile ibe yizitshalo ezintsha. Enye imbewu isakazwa wumoya noma ngabantu, izinambuzane kanye nezilwane. Enye imbewu idliwa yizinyoni bese kuthi ingxenye yayo elukhuni iphume nendle. Imbewu esakazeka ngale ndlela iwela kwezinye izindawo imile khona.







## Masikhulume

Imbewu esithombeni ngasinye isabalala kanjeni? Ukuze isabalale ngale ndlela imbewu ngayinye kumele ibe njani? Xoxa nomngani wakho.



Uma ufuna ukuzitshalela izitshalo zakho ngembewu ungasebenzisa imbewu esengadini. Kokunye uyithenge esitolo bese uyitshala.





Masikhulume

Usuku: ..................................

Funda le nkondlo neminyakazo.

## Impilo yesitshalo

Lena yimbewu encane:
masiyitshaleni masinya enhlabathini!
Imila ibe nothi olunembali
ikhipha iphunga elimnandi njalo.
Izinyosi ziphuma zingena kuyo
Masinya imbali enhle seyifile.

Ungakukhaleli lokho, ungakhathazeki
Bheka, akukho lutho lwemvelo olukhalayo,
Lalela, nanku umlingo wenzeka:
imbali iyafa, bese ichitha isakaza
nasothini olufile namakhasi ansundu.
Imbewu ephilayo iyalinda enhlabathini!





Masiqhubeke

Okumele ukwenziwa nguthisha:
Sebenzisa indophi noma intambo.

### Khombisa ukuyijabulela le minyakazo

Uma kunesihlahla endaweni enhle, bheka ukuthi ngeke yini sidlale kuso. Bambelela entanjeni eboshelwe kuso ujikele. Qala ngokubambelela ngezandla zombili, bese kuba yisandla ovame ukusisebenzisa, kugcine ongavamile ukusisebenzisa.

Bamba okusantambo ngesandla osisebenzisa njalo. Nyakazisa ingalo wenze amaphethini ahlukene emoyeni noma enhlabathini ngentambo leyo.








44

# Okudingwa yizitshalo ukuze zikhule

Masikhulume

Buka lesi sithombe. Kuyaphila konke okukuso?

Yiziphi izinto eziphilayo ozibonayo?
Yiziphi ezintweni eziphilayo eziyizitshalo?
Ziyakhula yini izitshalo?
Ngabe nezitshalo ziyadla na? Uma ngabe ziyadla, zidlani?
Ngabe izitshalo ziyaphuza? Uma ngabe ziyaphuza, ziphuzani?



Masibhale

Bhala lawa magama-ke manje emabhokisini angenalutho esithombeni esingenhla ukukhombisa okudingwa yizitshalo ukuze zikhule. Khombisa uthisha okubhalile.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ukukhanya kwelanga | amanzi | umsoco | umoya |



Masenzeni lokhu


Kulula ukutshala ezakho izitshalo. Uzotshala ubhontshisi-ke manje.

Usuku: ..............................

## Izinto ozozidinga:



amanzi



ubhontshisi



isitsha




uvolo

## Funda nazi izinyathelo ongazilandela:

### Isinyathelo soku-1:

Uzokwemboza izinhlamvu ezi-3 zikabhontshisi phakathi kovolo ababili. Zibeke esosweni elingenalutho noma esitsheni.



### Isinyathelo sesi-2:

Uzothela amanzi kuvolo uqiniseke ukuthi uba manzi.



### Isinyathelo sesi-3:

Beka isoso noma isitsha onqenqemeni lwewindi noma endaweni lapho kunelanga elanele khona.



### Isinyathelo sesi-4:


Emva kwezinsuku ezimbalwa bheka ukuthi sikhula kanjani isitshalo sakho. Sinisele kanye ngesonto ukuze ube nomswakama uvolo.

Usuku 1

Usuku 2

Usuku 3

Usuku 4




### Isinyathelo sesi-5:

Uma kuvela izimpande esitshalweni sakho sewungasisusa uyositshala enhlabathini ethambile.



### Isinyathelo sesi-6:

Nisela isitshalo sakho njalo ukuze inhlabathi ihlale iswakeme. Emva kwamasonto ambalwa uzobe sewukwazi ukuvuna ubhontshisi wakho.





# 45 Ukudla esikudlayo





**Masifunde**

Ukudla okuhle kwenza sibe namandla okwenza zonke izinto.

Sidinga ukudla okunempilo ukuze sikwazi ukwenza kahle izinto esidinga ukuzenza. Ukudla okunempilo kusinika amandla kusisize ukuze sikhule.

**Masibhale**

Buka lezi zithombe. Bhala igama lokudla ngakunye ngezansi kwesithombe ngasinye.



**Masibhale**

Yini othanda kakhulu ukuyidla? Yikuphi ukudla ongakuthandisisi kahle? Bhala phansi uhla lwalezi zinto ngaphansi kwesihloko esifanele. Khetha ezithombeni ezingenhla.

| Ukudla engikuthandayo | Ukudla engingakuthandi |
| --- | --- |
| | |
| | |
| | |

Usuku: ................................

## Masifunde

Singakuhlukanisa amaqoqo ayisi-7 lokhu kudla.

Kumele udle ukudla okusezansi nesithombe njalo nje. Ungakudla nalokho okungenhla, kodwa ungakudli njalo.




## Masikhulume

Xoxani njengeklasi.

Kungani sifanele ukudla kancane ukudla okusesithombeni esingenhla futhi sidle kancane ekudleni okungezansi kwesithombe?

Teacher:
Sign:
Date:

# Kuvelaphi ukudla okwahlukahlukene?

Masifunde

Abalimi batshala izinto bafuye izilwane ukuze sithole ukudla. Singakupheka ukudla. Singazixuba futhi izinhlobo ezahlukene zokudla.



Isinkwa namasiriyeli kuvela kukolweni.



Sithola amaqanda ezinkukhwini.



Sithola ubisi ezinkomeni kanye nenyama kuzo izinkomo futhi. Senza iyogathi noshizi ngobisi.



Izithelo zimila ezihlahleni kanye nasezitshalweni.



Sisebenzisa ummbila ukwenza impuphu.


Usuku: ..................................



Uju luvela ezinyosini.



Ushukela wenziwa ngomoba.



Sithola ihemu nobhekeni ezingulubeni.



Sikwazi ukutshala izitshalo engadini.



Masenzeni lokhu

Culani leli culo
kanye nothisha.

Ama-aphula, ugwava, ubhanana,
Ubhontshisi, uphizi, namazambane.
Konke lokhu kwenza imizimba yethu iqine.
Kusenza silungele ukusebenza.
Ngidla kuphela ukudla okunempilo!
Kungenza ngibe namandla, ngibe qatha.



# Ukudla okunempilo nokungenayo

**Masifunde**

Ukudla esikuthandayo akuvamile ukuthi konke kube nempilo. Ngesinye isikhathi singakuthanda ukudla kodwa kungabi nayo impilo. Kwesinye isikhathi futhi siyaye singakuthandi ukudla kutholakale ukuthi kunempilo lokho kudla.

Kodwa ukudla okuningi kakhulu kohlobo olulodwa akuvamile ukuthi kube kuhle empilweni yethu. Akulungile ukukudla kakhulu. Idla uzwe ukuthi usuthi. Ungaqhubeki nokudla nje ngoba lokho kudla ukuthanda.



**Masenzeni lokhu**

Sika izithombe zokudla okunempilo kanye nokudla okungenayo impilo emaphephabhukwini ukunamathisele emathinini afanele. Uma ungazitholi izithombe ozidingayo vele ukudwebe lokho kudla.



Ukudla okunempilo



Ukudla okungenayo impilo

Usuku: ..............................



Masibhale

Sebenzisa izinto ozifundile ngokudla ukubhala uhla lwakho lokudla.

| Kwasekuseni | Kwasemini | Kwakusihlwa |
| --- | --- | --- |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |





Masenzeni lokhu

Manje ake senzeni isaladi yezithelo. Landela le miyalelo engezansi.



## Uzodinga lokhu:

- Izithelo eziyizinhlobo ezahlukene
- Ummese nesipunu
- Indishi enkulu

## Landela lezi zinyathelo:



- Washa izithelo.
- Susa isikhumba sesithelo (njengamawolintshi).
- Sika isithelo sibe yizingcezu ezincane. (Cela umuntu omdala akusize).
- Hlanganisa izithelo endishini.
- Kudle kunjalo ukuthokozele.



# Ukukhweza (ukugcina) ukudla

Masifunde Buka lezi zithombe.




Masikhulume

Yini oyiphawulayo ngalezi zinsuku?

Uthi sisengakudla lokhu kudla?

Ucabanga ukuthi kwenzekeni kulokhu kudla?

Masifunde

Ukudla akuhlali kukuhle sonke isikhathi. Ezinye izithelo nemifino kuyaye kuqale ukubuna kubole. Inyama, inhlanzi kanye nemikhiqizo yobisi kuyonakala. Emva kwalokho asikwazi ukukudla. Kumele senzeni ukugcina ukudla kusebenziseka? Indawo ephephile enhle yokugcina ukudla yisiqandisi. Kodwa ukudla kuyonakala uma kubekwe esiqandisini isikhathi eside. Zikhona ezinye izindlela zokugcina ukudla kusebenziseka.



## Masikhulume



Buka lezi zithombe.

Xoxisana nomngani wakho ngazo. Yiziphi izindlela ezahlukene zokugcina ukudla kusesimeni esihle?

Zikhona ezinye izindlela ozicabangayo? Xoxa nomngani wakho ngalokhu.


Chazela iklasi ngezibonelo onazo.



## Masibhale

Buka izithombe ezingezansi bese ufunda amagama asemabhokisini. Manje bhala elilodwa lalawa magama ngezansi kwesithombe ngasinye esihambisana negama.

| Kusesimeni esihle | Ukukugcina emathinini | Ukukomisa | Ukukuqandisa |
|---|---|---|---|

| | | | |
|---|---|---|---|
|  ______ |  ______ |  ______ |  ______ |
|  ______ |  ______ |  ______ |  ______ |
|  ______ |  ______ |  ______ |  ______ |



# 49 Izinhlobo zamakhaya (1)

**Masikhulume**

Ikhaya lakho yindawo ohlala kuyo. Abantu baseNingizimu Afrika bahlala ezindaweni eziningi ezingamakhaya ahlukahlukene. Kukuphi lapho ungathola khona la makhaya?








Usuku: ..............................



Masikhulume

Buka lezi zithombe. Xoxa nomngani wakho ngezinto ezifanayo ezikhona emizini eminingi eyahlukene. Khuluma futhi ngezinto ezingafani emakhaya. Yikuphi okuningi? Kungabe ngokufanayo noma ngokungafani?



Amafulethi




Izindlu ezinezitezi ezimbili




Amakharavani namatende



Izindlu zasemijondolo



Amakhaya esintu



Izindlu ezinesitezi esisodwa



Masenzeni lokhu

Sebenzani ngamaqembu. Tholani ibhokisi lezicathulo, noma elinye nje ibhokisi. Lipendeni lifane nekhaya. Zibumbe wena ngobumba lokudlala, wenza okuthile ngaphandle kwaleli khaya.





# 50 Izinhlobo zamakhaya (2)



**Masenzeni lokhu**

Ake ucabange amakhaya ahlukahlukene osuke wawabona. Dweba izithombe zamakhaya amabili angafani oke wawabona.







**Masikhulume**

Uma ikhaya lakhiwe kahle asigodoli noma kushise kakhulu uma sihlezi kulo. Asiyizwa nemvula noma umoya omkhulu. Akubona bonke abantu abavikeleke kanjena.

Xoxa nomngani wakho mayelana namasu enziwa abantu ukuzivikela uma bengahlali ezindlini.

**Okumele ukwenziwa nguthisha:**
Uthisha wenu uzonilalela uma nethula imibono.

## Masiqhubeke



- Yelula izandla uziphakamise ukupenda uphahla lwendlu yakini.
- Guqa enhlabathini ukutshala izitshalo zasengadini.
- Yelula izingalo uvule amafasitela endlu yakho, bese uvala wonke amafasitela.
- Goba ususe ukhula engadini
- Shanela phansi ngomshanelo omude.
- Washa amafasitela ngendwangu.



**Okumele ukwenziwa nguthisha:**
Lalela isigqi sesigubhu esidlalwa nguthisha wenu. Hambisana nesigqi. Uma uthisha eguqula isigqi, guqula ijubane lendlela onyakaza ngayo. Lalelisisa!







Teacher:
Sign:
Date:


# Izinto okwakhiwa ngazo amakhaya ahlukahlukene


**Masikhulume**

Sisebenzisa izinto ezahlukene ukwakha izindlu.
Bheka izithombe ngezansi.



izitini


amathayili



uthayela


usimende


utshani bokufulela/ umhlanga


ingilazi



izigxobo



ukhuni



amatshe


okokwakha amatende


iplastiki


ubumba/udaka


insimbi


izikhumba


isihlabathi





Xoxa nomngani wakho ngezinto ezahlukene zokwakha izindlu.

Yikuphi okuqhamuka efemini?

Zivelaphi ezinye izinto?

Tshela iklasi ukuthi izindlu ozibone uza esikoleni zakhiwe ngani.

> **Okumele ukwenziwa nguthisha:**
> Uthisha wenu uzokwenza uhlu ebhodini.

# Amakhaya nesimo sezulu

Masifunde

Amakhaya avikela abantu ezimeni ezahlukene zezulu. Asivikela emisebenzini eshisayo yelanga. Asivikela emakhazeni, emoyeni kanye nasemvuleni.





Uthi bewazi ukuthi abantu abahlala ezindaweni ezibandayo banendlela engajwayelekile abakha ngayo amakhaya abo? Bakha izindlu ezifudumalayo uma likhithika.

Leli yibalazwe lezwe laseGreenland, okuyizwe elibanda kakhulu.






Lena yi-igloo



Abanye babantu ababizwa ngama-Inuit abahlala e-Arctic elineqhwa eliningi bakha izindlu ngalo. Iqhwa livimba amakhaza. Lezi zindlu zibizwa ngama-igloo.



Masenzeni lokhu

Usuku: ..................................

Eqenjini lenu dlalani umdlalo wokukhombisa ukuthi ningayakha kanjani indlu.

Khethani ukuthi luhlobo luni lwendlu enizolwakha.

Zinto zini enizozisebenziza?

Ubani ozokwenzani?

Yini enizoqala ngayo?


Niyogcina ngani? Sebenzisa lawa magama alandelayo:

| | | | |
|---|---|---|---|
| amafulethi | izindlu ezinesitezi esisodwa noma eziningi | izindlu zesintu | izindlu zaseKapa |
| izitini | udonga | upende | umnyango |
| uphahla | ushimula | ifasitela | usimende |



Masifunde

Yisho le nkondlo ibe yingxenye yomdlalo wenu:








Yakha, yakha indlu yakho entsha sha!
Letha izitini, kala lolo donga
Shayela isipikili, phendula isikulufu –
Yenza umpheme wokuvimba ilanga.
Yakha, yakha indlu yakho entsha sha!
Letha isihlabathi nezivalo namathayili
Letha amanzi, xova usimende –
Yenza umpheme wokuvimba imvula.







# Sizithola kanjani izindawo nezinto? (1)



## Masifunde

Kunezinhlobo ezahlukene zamabalazwe. Ukukhetha ibalazwe elifanele kumele wazi ukuthi kungani ufuna ukusebenzisa ibalazwe.

Amabalazwe akhombisa imigwaqo asisiza ukuthola izindawo nemigwaqo emadolobheni.

Abalimi bathanda amabalazwe akhombisa izinto ezinjengamadamu, imifula kanye nezintaba.



Usuku: ..................................



Masenzeni lokhu

Xoxa ngale mibuzo nomngani wakho. Kokelezela izindawo ezithile ezisesithombeni emakhasini amabili alandelayo.

Uzozitholaphi izincwadi odinga ukuzifunda?

Uzolubika kuphi udaba lokwebelwa?

Ungaya kuphi uma ugula?

Ukuthengaphi ukudla?

Ulimela kuphi ibhasi?

Uwuwela kuphi umgwaqo lapho kuphephe khona?

Okumele ukwenziwa nguthisha: Uthisha uzofunda lokhu ngakunye, wena uzofuna izimpendulo uzithole.






# Sizithola kanjani izindawo nezinto? (2)


**Masikhulume**

Buka indlela elandelwa nguJason esuka ekhaya lakhe eya esikoleni.

Chazela umngani wakho ukuthi uJason ulandela yiphi indlela. Sebenzisa amanye alawa magama:


| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| phezulu | udlule | ukuhamba njalo | ngaleya | ngaphansi |

Yilaphi lapho uJayson engawela khona umgwaqo ngokuphepha?




Okumele ukwenziwa nguthisha: Uthisha uzohamba eklasini. Yisho kuthisha ukuthi umngani uyichaze kahle yini indlela edinga ukulandelwa.

Usuku: ..................................





## Masiqhubeke

- Beka kahle intambo enhlabathini.
- Uwena ozohamba kule ntambo.
- Hamba uye phambili, uhlehle uphinde uye ngapha nangapha ulandele intambo.
- Hamba uye phambili ulandele intambo izandla uzibeke ekhanda.
- Hamba uhlehle ulandele intambo, izandla uzibeke emhlane wakho.
- Hamba uye le nale ulandele intambo, ubeke izandla ezinqulwini.





## Masifunde

Wenze kahle kanjani? Uma kungukuthi ukwazile ukukwenza konke kahle, faka umbala ebusweni obumamathekayo. Uma kungukuthi awukwazanga ukwenza kahle, faka umbala ebusweni obuswacile. Uma ukwaze ukwenza okumbalwa kahle, faka umbala ebusweni obuphakathi nendawo.


| | | | |
|---|---|---|---|
| Ngikwazile ukuhamba ngiye emuva naphambili ngilandela intambo. | | | |
| Ngikwazile ukuhamba ngiye ngapha nangapha ngilandela intambo. | | | |
| Ngikwazile ukuhamba ngiye phambili ngilandela intambo ngibeke izandla ekhanda. | | | |
| Ngikwazile ukuhamba ngihlehle ngilandela intambo ngibeke izandla ngemuva. | | | |
| Ngikwazile ukuhamba ngiye ngapha nangapha ngilandela intambo ngibeke izandla ezinqulwini. | | | |



55

# Ukuthola indlela

**Masibhale** Amabalazwe anezithombe asisiza ukubona ukuthi izindawo ziqqaqqene kangakanani. Buka leli balazwe.




**Masibhale** Phendula le mibuzo. Ungamcela nomngani wakho akusize.

Yenza isiyingi lapho kukhona khona i-km.

Ugcine uneziyingi ezingaki?

UDavide uyahamba ukuya emtatsheni wezincwadi.

Yini ayibona eduze komtapo wezincwadi?

Zimpawu zini azibona endleleni?

Uhambe ibanga elingakanani uDavide?

Yisiphi isakhiwo uDavide asibona engaphambi komtapo wezincwadi?

UDavide ulambile. Ufuna ukuya ekhaya. Thola umgwaqo omfushane kunayo yonke oya ekhaya.

Kungabe inkundla yebhola iseduze kwasekhaya lakhe?

> **Okumele ukwenziwa nguthisha:** Uthisha uzonitshela ukuthi indawo eyikhilomitha elilodwa iqhelelene kangakakani nesikole. Lokho sikubhala kanje: I km.



## Masenzeni lokhu

Usuku: ..............................

Dweba isithombe sakho sebalazwe sendlela ephakathi kwezindawo ezimbili. Khetha noma yiziphi izindawo ezimbili. Uma sewuqedile, ungakhombisa abangani bakho ibalazwe. Khombisa umngani wakho ibalazwe bese umcela achaze ukuthi uhamba kanjani ngokwebalazwe omkhombise lona. Qiniseka ukuthi ukwenza ngokuyikho ukuchaza kwakhe. Tshela uthisha uma umngani wakho esekwenze kahle waqeda.

Teacher:

Sign:

Date:

# Ukuthola izehlakalo endabeni

Masenzeni lokhu

Uthisha wakho uzofunda indaba ekhuluma ngoMicky. Lalelisisa. Landela indlela esebalazweni elisencwadini yakho.

Okumele ukwenziwa nguthisha: Uthisha wakho uzofunda aphinde anicele ukuthi neze uphawu (✗) ezindaweni ezithile.




NgeMigqibelo uMicky uyaye adlale nabangani bakhe epaki (✗).

Ekuseni ngelinye ilanga unina wamucela unina wathi: "Ugogo uyagula. Ngicela umhambisele ukudla."

UMicky uthatha isikhwama esikhulu sokudla. Kodwa uma eseyophuma ngesango (✗) uhlangana nendoda ethile. Ikhuluma ngezwi elimahhadlahhadla ithi, "A, uthwele ukudla. Okukagogo, angithi?" Kwamethusa uMicky lokhu.

Wahamba washesha ebheke ezansi nomgwaqo ngasesiteshini sabacishimlilo. Uma efika lapho wajika waya ngakwesokunxele (✗). Kuthe uma ebheka emuva emgwaqweni, wabona yona leyo ndoda imlandela.

UMicky unquma ukuyofuna usizo kubangani bakhe epaki.

Uma efika emtatsheni wezincwadi, uya ngakwesokudla bese eqhubekela phambili (✗). Kwesokunxele wabona ukuthi kunesikole wasidlula (✗). Kuthulile lapha, emigwaqweni yonke. UMicky washesha manje emgwaqweni (✗).

Walibona ipaki ekugcineni. Wawela ibhuloho (✗) waya wayofinyelela kubangani bakhe esangweni! (✗)



**Masiqhubeke** Sizodlala umdlalo wokunikezelana.

- Bekani izihlalo zenu zibe yisiyingi. Dlalani umdlalo othi "izihlalo zokucula" – lo mdlalo udinga nithole indlela emfushane kunazo zonke ukufinyelela esihlalweni.





# Indlela esisebenzisa ngayo amanzi emakhaya nasesikoleni





Masibhale

Sisebenzisa amanzi zonke izinsuku. Bona izindlela ezahlukene esisebenzisa ngazo amanzi. Bhala ngezansi kwesithombe usho ukuthi amanzi asetshenziselwani. Sebenzisa lezi zihloko.

| | |
|---|---|
| Ukucisha umlilo | Ukuzigeza thina |
| Ukusiza izitshalo zikwazi ukukhula | Ukuwasha izingubo nezitsha |
| | Ukupheka ukudla |



__________

__________



__________



__________

__________




__________

__________



__________

Usuku: ...............................



## Masikhulume


**Khuluma ngezindlela eziningi esisebenzisa ngazo amanzi.**

Ake uchaze ezinye izinto esizisebenzisela amanzi. Amanzi ayisidingo. Xoxa ngokuthi siwamosha kanjani. Yini engenzeka uma engaphela nje nya?

Yethula imibono yakho eklasini.

## Masiqhubeke

**Lingisela lokhu okulandelayo:**



Umpompi ovuliwe, amanzi ageleza angene endishini enkulu.



Amafu ayahlangana, lina kakhulu emva kwalokho, bese kuthi ekugcineni anyamalale.



Umfula uyagobhoza emadwaleni wedlulela endaweni enesihlabathi.

## Masidlalaleni

- Dlalani umdlalo othi "Amabhakede namaconsi amanzi".

Teacher:
Sign:
Date:


Usuku: ..................................




Buka izithombe ezinesiphambano. Xoxisana neklasi mayelana nokuthi abantu kulezi zithombe benzani. Xoxa ngokuthi bangawasebenzisa kanjani ngokuwonga amanzi.




Buka izithombe. Funda umusho ongezansi. Faka uphawu lokuthikha (✔) esenzweni ngasinye sokonga amanzi, ufake isiphambano (✘) esenzweni ngasinye esingukumosha amanzi.








| | ✔ noma ✘ |
|---|---|
| Ngidedela amanzi aphume empompini ngenkathi ngixubha amazinyo. | |
| Angiwachithi amanzi ebengigeza ngawo, kunalokho ngichelela ngawo engadini. | |
| Ngigeza ngamanzi agcwele ubhavu njalo ebusuku. | |
| Ngiyawuvalisisa umpompi uma ngiwubona uconsa amanzi. | |
| Sigeza izitsha ngamanzi aphuma angayeki empompini. | |







59

# Amanzi okuphuza aphephile nangaphephile



Masibhale

Buka lezi zithombe. Beka uphawu lokuthikha (✔) eduze kwesithombe esiveza ukwenza izinto eziphephile. Beka isiphambano (✘) eduze kwesithombe esikhombisa ukwenza izinto ezingaphephile.









Usuku: ................................



## Masibhale

Bhala igama "kuphephile" noma "akuphephile".
ukuqedela umusho ngamunye. Sikwenzele okokuqala.

Ukuphuza amanzi angcolile akuphephile.

Ukubhukuda emanzini angcolile ______________________.


Ukuphuza amanzi abilisiwe ______________________.

Ukuphuza amanzi aphuma emfuleni ongcolile ______________________.


Ukuphuza amanzi ahlanzekile aphuma empompini ______________________.



## Masidlaleni







Dlala lo mdlalo nabanye ababili.

- Shayani izandla nilandele isigqi sokuconsa kwamanzi:
  - aconsa kancane empompini
  - aconsa masinya empompini
  - aphuma ngekubaza wonke.

- Dlalani noma yimuphi omunye umdlalo lapho nizoshaya khona izandla.



## Masiqhubeke

- Gxuma njengesele liphuma emanzini angcolile.
- Gxuma njengesele lingene emanzini ahlanzekile.
- Gijima njengehhashi elomile liya emanzini agelezayo liyophuza.
- Gijima kakhulu ubalekele imvula ena ngamandla.
- Gxuma ematsheni uwele umfula. Siza nalabo abangakwazi ukuhamba ukuthi bawele nabo.
- Phenduphenduka endaweni eyodwa ulingise amanzi ephuma ebhavini (ube wedwa noma ube nomngani).
- Uthisha uzosho uma esefuna niguqukele kwenye into.
  Lulaleleni uphawu alwenzayo.



# 60 Ukugcina amanzi ehlanzekile

Masifunde

Kumele siphuze amanzi ahlanzekile.

Kumele siwagcine ngendlela ezokwenza ahlale ehlanzekile.





Masikhulume

Buka lezi zithombe. Xoxa nomngani wakho ngokuthi avela kuphi amanzi ahlanzekile. Xoxela iklasi ukuthi ubona ukuthi avela kuphi. Ngokuwahlanza siwenza aphephe ukuba angaphuzwa, siwenza ahlanzeke ukuze sikwazi ukuwaphuza.



Sivumelekile ukuphuza amanzi emvula asuka phezu kwendlu angene ethangeni.



Umasipala uyawahlanza amanzi awagcine enzele ukuthi sikwazi ukuwaphuza.



Thina simele ukuwabilisa amanzi uma sifuna ukuwahlanza.



Singakwazi futhi ukuwasefa ukuze ahlanzeke.

## Masenzeni lokhu

Cela uthisha anichazele ukuthi senziwa kanjani isisefo samanzi.

**Nazi izinto ozozidinga:**

Ibhodlela leplastiki elingamalitha ama-2

Isihlabathi esihlanzekile esicolisekile


Isihlabathi esihlanzekile esimahhadlahhadla

Amatshana amancane ahlanzekile

Ummese obukhali

Uvolo ohlanzekile





## Masiqhubeke

- Sebenzisa isaka likabhontshisi nensimbi eyindilinga. Beka insimbi eyindilinga enhlabathini ngenkathi abafundi bemi umugqa osemamitheni ama-5 kude nensimbi leyo. Ungasebenzisa ibhola lensimbi lomnqakiswano kulokhu.
- Umfundi ngamunye makathole ithuba lokuphonsa isaka likabhontshisi lingene ensimbini eyindilinga.

Teacher:

Sign:

Date:

# Ukushintsha kwemini iba wubusuku





**Masifunde**

Imini nobusuku kwehlukene.

Kubukeka kwehlukene, akunayo imisindo efanayo, kwenziwa izinto ezingafani kukho kokubili.

Emini kubonakala ukukhanya kwelanga. Ilanga lisinika ukukhanya nokushisa.

Bayasebenza abantu abaningi emini, thina bese siya esikoleni.

**Masibhale**

Buka izithombe bese uxoxa nomngani wakho ngazo. Kungabe yizithombe zemini noma ngezobusuku? Zihlukene ngani? Bhala "Imini" noma "Ubusuku" ngaphezu kwesithombe ngasinye.






Usuku: ................................

## Masifunde

Ntambama ilanga liyashona. Kuba mnyama bese kuphuma inyanga nezinkanyezi.

Sisebenzisa izibani ukuze sibone ukuthi senzani.






Ebusuku kuyabanda kunasemini.

Abaningi bethu bayalala ebusuku, kodwa abanye bayasebenza noma kuyisebusuku. Kunezilwane eziphuma kuphela uma sekumnyama.

## Masiqhubeke

- Sebenzisa amapali ebhola (noma amakhoni abekwa emgwaqweni uma wakhiwa) nebhola.
- Beka amapali noma amakhoni kube ngamamitha ambalwa kude nabafundi.
- Sebenzisa ibhola elikhulu elilingana nelezinyawo.
- Khahlelela ibhola emapalini lawa owabekile.
- Qala ukhahlele ngonyawo lwesokudla bese ukhahlela ngolwesobunxele.
- Ufake amagoli amangaki?




Teacher:

Sign:

Date:

# Indlela isibhakabhaka esibukeka ngayo ebusuku

Masifunde



Emini sivame ukubona isibhakabhaka esiluhlaza kanye namafu. Okusemqoka, sibona ilanga.



Ebusuku kunenyanga nezinkanyezi eziningi. Kukhona namanye amaplanethi anjengezinkanyezi.




Ngesinye isikhathi inyanga iba sesibhakabhakeni noma kusemini. Asiyiboni kahle ngoba ilanga lisuke lisixhophe. Zama ukuthola ukuthi inyanga ikuphi kusemini.

Masenzeni lokhu


Inyanga ayifani ngalobo nalobo busuku.
Phuma uyibuke ebusuku obuhlanu lapho izoveza khona izimo ezingafani.
Ebhokisini elingezansi dweba izinhlobo zenyanga ozibonile.

| | | |
|---|---|---|
| Ubusuku bokuqala | Ubusuku besithathu | Ubusuku besihlanu |




Leli yilanga kanye namaplanethi esemkhathini – ngomakhelwane bethu laba abasemkhathini. (Ilanga namaplanethi akudwetshiwe ngokulandela ubukhulu bakho bangempela.)

## Masikhulume



Lesi yisithombe seSaturn. Ihlukile yona kuwo wonke amaplanethi ngoba inamaringi ayizungezile. Uyawabona amabala amhlophe esithombeni? Ucabanga ukuthi ayini? Buka isithombe esikhulu esingenhla. Kungabe iSaturn yinkulu noma yincane kunomhlaba? Iyiphi iplanethi enkulu kuneSaturn?




63



# Ilanga nenyanga

**Masikhulume** Buka lezi zithombe.


Xoxa nomngani wakho. Izithombe zisikhombisani? Yisho noma yini oyicabangayo.



> **Okumele ukwenziwa nguthisha:**
> Uthisha wakho uzoyilalela yonke imibono bese esho ukuthi yini eningakhulumanga ngayo.

**Masifunde**

Ilanga liyinkanyezi. Liyibhola elikhulu lomlilo elithumela ukushisa kuzo zonke izinhlangothi zalo. Ilanga likhulu kakhulu kunomhlaba.

Inyanga iyibhola elikhulu eliyidwala elinothuli elingenakushisa. Inyanga ayikhanyi ngokwayo, ikhanyiswa yimisebe yelanga bese yenza njengesibuko ngokuthumela ukukhanya kithina emhlabeni. Yona yincane kunomhlaba.

**Masikhulume** Xoxa nomngani wakho mayelana nokuguquguquka kwenyanga ebusuku obuhlanu. Bese nibuka lezi zithombe.
Inyanga iyafana nalokhu enikubona ezithombeni?

| | | |
|---|---|---|
|  |  |  |
| Inyanga igcwele | Inyanga iyisigamu | Inyanga entsha |

# Izinkanyezi



**Masifunde**

Ilanga iyona nkanyezi eseduzane kakhulu kwethu. Ezinye izinkanyezi zikude kakhulu impela nje.

**Masikhulume**

Benye benye benye benye
Inkanyezana encane.
Nasi isimanga
Esabonwa yinkanyezi,
Nasi isimanga esabonwa yinkanyezi,
Inkanyezana encane!



**Masifunde**

Leli culo labhalwa eminyakeni eminingi eyadlula. Abantu ngaleso sikhathi babengakazi kangako ngezinkanyezi. Namuhla sinolwazi oluningi. Ososayensi sebeye kaningi emkhathini ngemikhumbimkhathi bafunda okuningi ngezinkanyezi. Uma beya emkhathini bagqoka amasudi akhiwe ngokwehlukile. Uma ososayensi beya emkhathini bagqoka izingubo ezihlukile.

Ngenxa yabantu abanesibindi futhi abahlakaniphile abakwazi ukuthumela ososayensi emkhathini, sesifunde izinto eziningi ngezinkanyezi.

**Masikhulume**

Kungabe kuhle yini ukufunda izinto eziningi kangaka ngezinkanyezi? Xoxa nomngani wakho ngalokhu.



Teacher:
Sign:
Date:





# Wena ubalulekile.
# Umzimba wakho wonke ubalulekile.
# Umzimba wakho ungowakho!



**AKEKHO UMUNTU okufanele athinte izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu othinta izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu okwenzisa izinto ongazifuni.**



**Lapho ungashayela khona ucingo uma udinga usizo:**

**Child Line: 0800 05 55 55**

**SAPS Crime Stop: 086 00 10111**

**SAPS Emergency Number: 10111**

**Life Line: 0861 322 322**

**Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363**